

Kwakukhona intombazane igama layo kunguMaţodzi.

UMaţodzi wayehlala nomama nogogo wakhe.



Ngelinye ilanga, umama wakhe wamthuma ukuba ahambise umbiko kumalumekazi wakhe owayehlala kwenye indawo.

“Ubohamba ngendlela esivame ukuhamba ngayo,” kusho umama wakhe emkhumbuza.



Nebala uMaţodzi wahamba ngendlela ababevame ukuhamba ngayo uma beya kwamalumekazi wakhe. Wafika wawedlulisa umbiko.

Esesendleleni ebuyayo, wezwa izwi elikhulumela phansi lithi, “Ngicela ungisize.”



UMaţodzi waqalaza wabona inkosikazi eyayilele eceleni komgwaqo.

Wayibingelela futhi wayibuza, "Ulaleleni lapha?"



Inkosikazi yaphendula yathi, “Ngiphelelwa amandla futhi ngiyagula kanti ekhaya kusekude kakhulu.”

UMaţodzi wazizwa enozwelo nenkosikazi.



Wathi kunkosikazi, “Ngizohamba nawe ngiye ekhaya kithi ngoba kuseduze.”

UMaʈodzi wayilekelela inkosikazi ukuthi isukume. Bahamba kancane baze bayofika kubo.



UMaṱodzi nomama wakhe kanye nogogo wakhe bayinakekela inkosikazi yaze yaba ngcono.



Yabonga kakhulu inkosikazi ngosizo abayinikeza lona.

Yamncoma uMaţodzi ngesibindi sakhe nokukwazi ukunakekela abanye abantu.



Inkosikazi yathi kuMaṱodzi nomndeni wakhe, “Angisoze ngakhohlwa eningenzele khona.

Emva kwezinsuku ezintathu, ngifuna ningitshele izinto ezimbili eziyizifiso zenu.”



Emva kwezinsuku ezintathu, uMaṱodzi nomndeni wakhe bayitshela inkosikazi ngezifiso zabo ezimbili.

Isifiso sabo sokuqala kwakungukuba bathole umuzi omuhle.



Isifiso sabo sesibili kwakuwukuthi nathole ihlathi eliseduze nomuzi wabo ukuze bangayi kude uma beyotheza.

Zombili lezi zifiso zabo zafezeka, njengoba inkosikazi yayithembisile.



UMaṱodzi nomndeni wakhe baziphilela impilo emnandi emzini wabo omuhle futhi onehlathi eliseduze.